

**MZWAMANDLA ZONDI  
NOPHILANI NCALANE**

INCAMELE ukuthatha umhla-  
bakhulu ongakhokheli ingqwele  
yeComrades Marathon yanonyaka  
u-Edward Mthibi (osesithombe-  
ni) oyi-clerk eMpala Platinum  
Mines, eNorth West.

UMothibi obegijima lo mjaho  
okwesibili nonyaka, umangaze  
abathandi bezokugijima abaningi  
eshiya imfivlithi yawo, uBongu-  
musa Mthembu ogcine ethathe  
indawo yesibili.

Inenenja yeNebank Running  
Club, uNick Bester onamagolide  
angu-9 kulo mjaho, itshele

**ILANGA** ukuthi bebewulungisele-  
le kakhulu umjaho wanonyaka.  
Uthi ujabule kakhulu ukubona  
abasubathi bakhe bengena pha-  
mbili kubo bobubili ubulili.

Inggwele yabesifazane kube  
nguGerda Steyn ophule irekhodi  
lika-Elena Nurgalieva waseRu-  
ssia alenza ngo-2006, u-6:09.  
UGerda ubeke eika-5:58.

“UMothibi uthathe ikhefu  
lamahhala emsebenzini ukulu-  
ngiselela lo mjaho. Libe ngama-  
sonto amane kanti akhokhelwe  
yithina.

“Besimbona ukuthi angakwazi  
ukunqoba lo mjaho kutandela  
ukwenza kahle kwakhe nyakenye  
engena nabeshumi bokuqala.  
Ubeziqeqesha noDavid Gatebe  
belungiselela lo mjaho. Yikilabhu  
ebimkhokhela njengoba ubenga-  
sebenzi. Ngijabule kakhulu  
ngokunqoba kwakhe.

“Ngreabanga ukuthi into ephaz-  
amise uMthembu wukugijima  
kakhulu iTwo Oceans Marathon.  
Ngreabanga ukuthi ukuba akayi-  
gijimanga ubezolithwalisa kanzi-  
ma ngoba yena uyingozi.  
Sisebenzise obukhulu ubuchule  
ukushiya uMthembu.

Ngiyambongela uMthembu, ugi-  
jime kahle kakhulu uma ubheka  
igebe esimshiywe ngalo,” kusho  
uBester obephuphuma injabulo  
ngenxa yokwenza kahle kwabasu-  
bathi bakhe.

UBester uqhube wathi uMothi-  
bi...

Marathon eyoziqeqesha. Uthi  
yiyona emise kakhulu ukuba  
enze kahle kulo mjaho.

UMothibi ngokunqoba kwakhe  
uhlomle ngo-R500 000 waphinde  
watholwa u-R200 000 ngokuba  
wumsubathi wokuqala waseNi-  
ngizimu Afrika ukushaya intambo  
kanti kulimdeleke ukuba ahlo-  
mule ngebhonasini ehle ekilabhi-  
ni yakhe.

Lo msbathi ungomunye  
wabenza kahle kwezokugijima  
njengoba engene nabokuqala  
abayishilani kwiComrades nya-  
kenye. Ukulungiselela iComrades  
yanonyaka ugijime iDeloitte  
Pretoria Marathon wangena isine  
wangenisa isibili kwi-Intercare  
Classic Half Marathon.

**Imiphumela yeComrades  
Marathon ihambe kanje, kwabe-  
silisa.** 1.Edward Mthibi 5:31:58; 3.  
2.Bongumusa Mthembu 5:31:58; 3.  
Nao Kazami 5:39:16; 4.Mahlomola  
Sekhanyana 5:43:52; 5.Joseph  
Manyedi 5:44:34; 6.Justin Chesire  
5:45:13; 7.Henri Ansio 5:45:29; 8.  
Marko Mambo 5:48:30; 9.Gordon  
Lesetedi 5:52:40; 10.Siya  
Mgambeli 5:52:51.

**Kwabesifazane:** 1.Gerda Steyn  
5:58:53; 2.Alexandra Morozova  
6:17:40; 3.Caitriona Jennings  
6:24:12; 4.Ann Ashworth 6:27:15; 5.  
Dominika Stelmach 6:34:58; 6.  
Jenna Challenger 6:35:18; 7.Aigul  
Mingazova 6:43:56; 8.Charne  
Bosman 6:49:39; 9.Catrin Jones  
6:59:44; 10.Mari Kibombo 6:55:97



U-EDWARD Mthibi enomkakhe u-Esta okwesokunxele namalungu omndeni wakhe.  
**IZITHOMBE NGU: JOHN HLONGWA**

**UZOKHOKHELA UMUZI AWUQEDE  
ONQOBE I-COMRADES MARATHON**

**PHILANI NCALANE  
NOMZWAMANDLA ZONDI**

UHLELA ukukhokhela umuzi  
awuthenge ngonyaka odlule nge-  
mali yokudla ubhedu kwiComra-  
des Marathon u-Edward Mthibi  
onqobe lo mjaho obusuka eThe-  
kweni uphikelele eMgungundlovu  
izolo ngeSonto.  
Umndeni walo mgijimi kuvele  
kwacaca ukuthi...

ukuthi bebengakaxoxi nomndeni  
wakhe.  
U-Esta uthi bekunzima kumyeni  
wakhe ukulungiselela lo mjaho.

“Uhambe amasonto ayisithupha  
ekhaya eyoziqeqeshele lo mjaho.  
Uyindoda ekuthandayo ukusebe-  
nza kanzima. Umyeni wami uyi-  
clerk eMpala Platinum Mine  
eRustenburg, eNorth West.  
“Eqinisweni nje, besizetele ukuzo-  
lithaza nje, kwazise besingazi-  
i ukuthi usenganjaba lo mja-  
goba ubewugijima okwesibili.  
Igeke ngazi ukuthi imali yoku-  
ba sizoyenzani ngoba ngisadi-  
dekile.

“Ngijabulela kakhulu nezingane  
zethu zontathu ngokubona uyise  
eshaya intambo kulo mjaho,”  
kusho u-Esta ngemuva kancane  
kokuba umyeni wakhe eshaye  
intambo. Ngaleso sikhathi uMothi-  
bi ubengakayi esigcawini sabezi-  
ndaba okuyilapho eacaise khona

ndeni wakhe awuqede.  
UMothibi uthi ubonga uNku-  
lunkulu ngokunqoba lo mjaho  
ngoba bekungekho nhlobo ezi-  
nhlelweni zakhe.

“Mina bengizetele ukuzothola  
igolide lesibili kulo mjaho.  
Bengidingandaba nokuthi ngi-  
ngena endaweni ka-9 noma ka-10.  
Ngenze iphutha ngagqashuka  
kuMthembu (uBongumusa) ngoba  
ngididwa yiPolly Shortts.  
Ngimbone engidlula ngazitshela  
ukuthi mangikholwe yilo mjaho  
ngoba sekuphelile ngami kwazise  
yena uwazi kahle umzila.

“Ngihambe ngomgqigo owo-  
dwa ngabona sengimdlula futhi.  
Ngibe sengikhumbula icebo  
lekhempu yethu lokuthi nxa izinto  
zisivuna namakhilomitha esenci-  
phile, kumele sifutelele ukufa  
nokuphila. Eqinisweni nje, be-  
ngimesaba kabi uMthembu kulo  
mjaho. Ukunqoba kuyibhonasini